BTNEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI
www.btnews.co.za • 30 November 2023




# Umlazi International Film Festival

## Uthembisa okukhulu kulonyaka!

**Thobile Blose**

Ubuya ngelinye izinga Umlazi International Film Festival ebizwa nge-UIFF okuyifestivali yamafilimu aseMlazi namaphethelo, ethuthukisa amakhono emkhakheni wezamafilimu eMlazi iwabeke ezweni lonke nasemhlabeni jikelele.

Umcimbi uzoqala eMangosuthu University of Technology (MUT) kusukela zingama- 27 kuLwezi (November) ize iphele ngomhlaka - 02 Desemba. Kulonyaka kulindeleke okuhlukile khona abazohlonishwa ngezindondo kanye nemifundaze.

Ifestivali iyinkundla yezobuciko obuhlukene, inhloso yayo ukusiza ukuthuthukisa amakhono emkhakheni wezamafilimu asemalokishini nokuveza imisebenze yamanye amazwe angaphandle, kanti futhi ibeka phambili intsha, abesifazane kanye nabaphila nokukhubazeka.

Lefestivali ayicwasi ngokwenkolo ibala kanye nezinkolelo ezahlukene. Sihlonza kahle uMlazi njengendawo yokwenza amafilimu, indawo yezivakashi kanye nomphakathi wezobuciko othuthukayo.

Umnyombo wokuxoxa izindaba zokwakha isizwe kanye nokwenza amafilimu



Abanye osaziwayo abazoba yinxenye ye-Umlazi International Film Festival nombukiso wamafilimi aqoshwe ekhaya nakwamanye amazwe, kusukela mhlaka 27 November kuya ku 02 Disemba.

uphezulu ohlwini lwezindlela zokuxoxa izindaba kulezinsuku. Sisungule umkhosi wamafilimu waseMlazi hhayi nje ngenhloso yokuqhakambisa abenzi bamafilimu bakuleli kuphela, kodwa nokuhlanganyela ekwakhiweni kwesizwe ukugcina umlando onothile ongabhaliwe waseMlazi.

Kubuyisa ukuthula, ubumbano nokukhuthaza ubumbano emphakathini ngokubambisana nabadidiyeli bamafilimu bakwezinye izifundazwe nakwamanye amazwe kubika uMnuz Sandile Dlamini umqondisi we-UIFF.

Umqondisi wesibili we-UIFF uMnuz Sabelo Ngema uthi kulonyaka bagubha unyaka wesibili weFestivali. "sizimisele ukusebenzisa lenkundla ukuthuthukisa intsha kanye nokushintsha izimpilo zabantu bakithi abamnyama kulendima yezamafilimu.

Sandile Dlamini "Shongololo", Baby Cele, Mondli Nkomo, Siyabonga Shibe, Thabo Mguni noMduduzi Nqopho Nombela ne-KZN Film, Durban Film, CCI, ikholishi lezobuciko Creatives Arts College sibale nabalingani bethu bemidiya sibala i-BTNews, Intokozo fm, Inanda fm ne-Izwi Lomzansi fm futhi sisaxoxisana nabanye abazobamba iqhaza. Sinabaqambi abavela e-Lesotho abazosijoyina kubika u-Ngema.

Kuzobakhona amakilasi ochwepheshe bamafilimu nokukhonjiswa kwawo. ICreative Arts College inikele ngemifundaze emihlanu yenani elingu R200 000 ethanda ukufundela ezamafilimu nethelevishini ngonyaka ozayo.

Intsha yaseMlazi efisa ukuhlomula lomfundaze kumele ithumele i-email nesitifiketi sayo sikamatibuletsheni, incwadi kamazisi oqinisekisiwe kanye nencwadi yesicelo sokuthi kungani kumele unikwe lelithuba . Okubalulekile nokumele ukwazi ukuthi kumele ubekhona nsuku zonke ngesikhathi sefestiveli yamafilimu.

Ngeminye imininingigwano nokubekisa indawo: *rsvp@umlazifilmfestival.co.za* or visit *www.umlazifilmfestival.co.za*
For Applications use: *info@umlazifilmfestival.co.za*



AIP ASSOCIATION OF INDEPENDENT PUBLISHERS

**Abadidiyeli**


**Editor**
Nash Ngcobo
btnewsinfo@gmail.com

**Marketing Manager**
Jolie Radebe
sales@btnews.co.za

**Follow us on**
Facebook: BTNews
Instagram: btnews2023
www.btnews.co.za


Nash Ngcobo
083 301 0869


Thobile Blose
079 227 8383


Thobile Zwane
082 382 9563

# Sibuze abafundi bephephandaba lethu nge-Black Friday basiphendula kanje

**Igama:** Louise Phama
**Iminyaka:** 43
**Indawo:** KwaDabeka
**Isiqephu:** 20

ULwesihlanu Olumnyama luvamise ukwenzeka ngoLwesihlanu lokugcina lukaNovemba minyaka yonke.

Kimina kuphawula ukuqala kwenkathi yokuthenga kaKhisimusi enhle futhi yaziwa ngezaphulelo zayo ezibalulekile zokudayisa namaphromoshini. izitolo eziningi ngisho naku-inthanethi zinikeza amadili akhethekile nokuthengisa emikhiqizweni ehlukahlukene.

Igama elithi "Black Friday" laqalwa ngawo-1960s, futhi igama lalo lingase libhekisele kubathengisi abasuka "kobomvu" baye "komnyama" (inzuzo) kumashidi abo ebhalansi ngenxa yokwanda kokuthengiswa ngalesi sikhathi. Io mqondo uye wamukelwa nakwamanye amazwe futhi yilokho abanye bethu abangakuboni noma abangakuqondi.

Mina ngokwami angikwazi ukusho ukuthi uLwesihlanu



omnyama muhle noma mubi ngoba kuncike emibonweni yomuntu ngamunye.

izici ezinhle zihlanganisa ithuba lokuthi abathengi basebenzise izaphulelo ezibalulekile, okwenza kube isikhathi esingabizi kakhulu sokuthenga ngamaholide. Abathengisi bavame ukuyisebenzisela ukususa i-inventory futhi bakhulise ukuthengisa okubasebenzela kahle.

ohlangothini olubi, abanye bagxeka uLwesihlanu Olumnyama ngokukhuthaza ukusetshenziswa ngokweqile kwabathengi, ukufaka isandla ekuthengeni izinto ngokungananazi, kanye nokukhiqiza izixuku ezingaholela ekukhathazekeni kwezokuphepha.

**Name:** Thabiso Mbambo
**Age:** 34
**Area:** Umlazi N section
**Ward:** 85
**Founder:** Rabbit Cakes a member of Rabbit Group

My thoughts of Black Friday :

The majority of businesses will report less earnings than last year,with unemployment being at record high, it's hard to be believing we're going to fall off a cliff into a recession at the consumer level.
I've already got used to making less, with a closure of 3 operations this year already, I've learnt to control my expenses better than the competition.



Personally i think Black Friday is a popular shopping event, but you might struggle to find the things you want and settle for less cost effective alternatives.
You might get stuck with products that are inferior in quality
You might feel so pressured to buy something that you make a poor choice,
There's so much pressure and you can't think straight!


Without a dlubt it comes with great deals, you know what you are getting, it's entertaining and it provides jobs to retail employees!

However some deals aren't really deals, it can lead to overspending, lines and crowds are too much and a trend of violence is most likely to take place!

Investors must always remember that excitement and expenses are their worst enemies!!

**Igama:** Nomvula Munnie
**Iminyaka:** 43
**Indawo:** Waterloo
**Umsebenzi:** Creative Practitioner

Black Friday ithuba elihle kubathengi nabathengisi. Umthengisi ubonisa ubuhlakani nokunakekela abathengi abathenga kuyena unyaka wonke ngokuthi enze lomtitilizo wokuthenga ngamanani aphansi izimpahla ezidingwa abathengi. Abathengi babeka unyaka wonke imali bebekela impahla abayifisayo nabayithandayo kodwa ngenxa yobunzima abakwazi ukuyithenga isikanye uma kufika iBlack friday umthengi usuke esezibekele kangcono imadlana ukukwazi ukuthenga leyompahla.




**Igama:** Nomfundo Nyuswa
**Iminyaka:** 32
**Indawo:** Isingqungqumа Area
**Isiqephu:** 109

Black Friday ukuzwa umlando wayo akuyona into enhle kuthina bantu abamnyama kodwa inkinga esikhathini esiphila ksona kuningi okungamampunge esikholelwa ukuthi kuyiqiniso kanti akulona. iBlack friday kwesinye isikhathi iyasiza ikakhulukazi njengoba sekusondele izinsuku zakhisimusi nokudla sekubiza kangaka ezitolo uyaye ufike ezitolo ezinye uthenge kuthengeke kungeqi eskalini semali obuhlele ukuthenga ngayo kwezinye iphele imali idlule obuhlele ngayo uze wengeze ungahlelanga ngoba indlala ayizibeki. IBlack Friday



ibingaba usizo olukhulu kuthina siwumphakathi ukuba ngempela inani elibhaliwe kuyaba ilona nje ngoba linjalo ngoba impilo yamanje iyabiza nomdayisi uzicabangela yena akhohlwe ukuthi udayisela hloboluni labantu.
Ngaphandle nje kwe Black Friday sekunomkhuba oyaye ubesezitolo zona lezi ezinkulu wokuthi ufice into ibhalwe enye imali masukhokha sekwimali engaphezulu kwebhaliwe uyaye unganaki mu grosa ngoba zisuke ziningi izimpahla ozithengile koda mubhekisisa ubone ukuthi engathi sengkhokhe ngokungaphezulu. IBlack Friday isikhathi esiningi thina esingathathi ntweni isifica singenalutho iziphele oksobala ukuthi amanani okudla ngalesoskhathi ngisho engehla

BTNEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

YOUR MONTHLY COMMUNITY **FREE** NEWSPAPER

You can book your space via email:
btnewsbookings@gmail.com

**www.btnews.co.za**

CONTACT THOBILE BLOSE NOW TO ADVERTISE & GROW YOUR BUSINESS!
e-mail: thobileb@btnews.co.za



Send us an email to subscribe and receive the monthly paper via email: btnewsinfo@gmail.com

ETHEKWINI MUNICIPALITY
IThekutalks
KEEPING YOU IN THE KNOW
NGO-2030 ITHEKU LIYOBE LINGU NGQA PHAMBILI

# ITheku limi ngomumo ukusingatha amaholidi kaKhisimusi amnandi

UMASIPALA weTheku, uholwa yiMeya yeTheku uKhansela Mxolisi Kaunda, usanda kuhlangana nezinhlaka zezokuvakasha ezahlukene emizamweni yokusebenzisana ukuze kuqinisekiswe ukuthi amaholidi kaKhisimusi aba yimpumelelo.

Phakathi kwezihloko okubhungwe ngazo nezinqumo ezithathiwe kubalwa:

- Ukugcina izindawo zokuhamba abantu ezisemabhishi namabhishi ehlanzekile
- Ukuqinisa ubudlelwano nazo zonke izinhlaka okusetshenziswana nazo
- Ukuhlanganiswa kwemikhankaso yokukhangisa ngeTheku ukuze libuyele libe yindawo ehamba phambili ezivakashini nakwizakhamizi
- Ukubeka amabhishi aseThekwini ezingeni le-Blue Flag
- Ukusebenzisana kwazo zonke izinhlaka zomphakathi (osomabhizinisi, uhulumeni, nomphakathi) ukuvuselela umkhakha wezokuvakasha eThekwini
- Ukutshalwa kwamaphoyisa engeziwe kulona lonke iTheku.

Muva nje, uMasipala uphinde wakhombisa ikhono lawo lokusingatha imidlalo neminye imicimbi emikhulu njengoba ngempelasonto eyodwa nje vo, iTheku lisingathe uxhaxha lwemicimbi esezingeni eliphezulu ehehe izivakashi ezingaphezu kuka-113 000. "Impumelelo yale micimbi iqinisekisa ukuthi iTheku lisalokhu liyindawo ephambili yemicimbi yokuzijabulisa lapha e-Afrika futhi liyindawo ehamba phambili yokusingathela imicimbi emikhulu. Ngomhla ka-16 Disemba, iMoses Mabhida Stadium izosingatha umdlalo wamanqamu weCarling Black Label Knockout," kusho uMeya uKaunda.



**Ngaphezu kwamabhishi akhona, kukhona nezindawo zokubhukuda eziwu-34 izivakashi nezakhamizi ezingazithokozisa kuzona** Isithombe: SITHUNYELWE

**AMALUNGISELELO AMAHOLIDI KAKHISIMUSI**

Njengoba isikhathi samaholidi kaKhisimusi sesisondele, uMasipala usuhlanganise ithimba elakhiwe yizona zonke izinhlaka zikaMasipala ukuze kuqinisekiswe ukuthi konke okumayelana nokuhanjiswa kwezidingo nezokuphepha kuyabhekisiswa ngaphambi kwamaholidi kaKhisimusi nangale kwawo.

Muva nje, indawo yokubhukuda iLaguna Paddling Swimming Pool ivulwe kabusha ngemuva kokuvalwa ngoDisemba ngonyaka owedlule ngenxa yesihlabathi ebesingena siyovala amapayipi ahlunga ukungcola kule ndawo. Ukuvulwa kwale ndawo kusho ukuthi izindawo zokubhukuda ezikhiqizwa ngamanje eThekwini ziwu-34.

"Kuyintokozo futhi nokunazisa ukuthi usonkontileka useqalile ukusebenza esikhungweni sezokuzijabulisa sezingane, iChildren's Amusement Centre, kanti silindele ukuthi kushaye umhla ka-15 Disemba sesiluphothulile lolu hlelo lukaR37 million," kusho iMeya.

Njengamanje, uMasipala uphothula izinhlelo zawo zokuqasha abazosebenza ukunakekela izingane, abazoqapha ababhukudayo, nabacosha imfucuza.

Ukuze kuqinisekiswe ukuphepha kwazo zonke izivakashi, uMasipala usuqalile ukwengeza amaphoyisa atshalwe ezindaweni ezahlukene zezokuvakasha nezokungcebeleka ezakhelene namabhishi. Ngokufanayo, sengeziwe isibalo samaphoyisa kaMasipala atshalwe enkabeni yeDolobha.

Ngokubambisana nezinhlaka zomphakathi ezilwa nobugebengu, uMasipala usuhlonze izindawo lapho kudlange khona ubugebengu ezindaweni ezakhelene nedolobha, emalokishini, nasemakhaya. Amaphoyisa asevele aseqalile nemikhankaso yawo eyesekwe ezobunhloli kulezi zindawo.

Ngenyanga eyedlule, uMasipala uqale umsebenzi wokulungisa amakhamera e-CCTV, okulindeleke ukuthi kuphothulwe ekupheleni kukaNovemba. Lokhu kuzosiza kakhulu ekuqiniseni ezokuphepha nasekuhlonzeni ubugebengu ngaphambi kokuba izigebengu zize zigadle.

"Sesimi ngomumo ukusingatha amaholidi amnandi eThekwini. Simema bonke abantu ukuthi beze bazothokozela inqwaba yezinhlelo zethu zezokuvakasha, babe nesikhathi esimnandi abangasoze basilibala," kusho uKaunda.

## Umgcinimafa ugunyaze ukuba iTheku ligcine imali yezibonelelo

NGEMUVA kokuba uMasipala weTheku ufake isicelo sokuba welulelwe isikhathi sokusebenzisa imali yezibonelelo ebingakasetshenziswa, uMgcinimafa kaZwelonke usanda kugunyaza uMasipala ukuba ugcine imali ewuR1.6 billion. UMgcinimafa kaZwelonke usanda kuveza ukuthi uzogunyaza izibonelelo okuyiMunicipal Disaster Recovery Grant, iProject Preparation Support Grant neNeighbourhood Development Partnership Grant yohlelo lokuqashwa komphakathi, iPublic Employment Programme.

Ukugunyazwa kwalezi zibonelelo kumi kanje:

- Isibonelelo sezinhlekelele, iMunicipal Disaster Recovery Grant: uR1.5 billion wokuxhasa izinhlelo zezokuHlaliswa kwaBantu, ezamanzi nokuthuthwa kwendle, ezemigwaqo nokugcinwa kwengqalasizinda yamanzi emvula inakekeleke ngendlela efanele,
- Isibonelelo esibizwa nge-Project Preparation Support Grant: R8.9 million
- Isibonelelo esibizwa nge-Neighbourhood Development Partnership Grant: R32.9 million

Lesi sinqumo, ikakhulukazi mayelana nesibonelelo sezinhlekelele, sizosiza ekutheni kulungiswe ngokushesha imigwaqo nengqalasizinda yamanzi emvula elimele kakhulu ngesikhathi kunezikhukhula.

# ITheku nohlelo lokuhlola ukutshalwa kwensangu esetshenziselwa ezempilo

UMASIPALA weTheku usukhiphe isimemo kubalimi balapha ekhaya abangaba nentshisekelo yokuhlola ukutshalwa kwensangu esetshenziselwa ezempilo ukuze kuhlolwe amathuba okudayiswa kwalolu hlobo lwensangu.

Lesi simemo sihambisana nohlelo lwezolimo lukaMasipala, i-Agri-Business Masterplan, lweminyaka ewu-10, olubalula insangu njengomkhiqizo wesihlanu obalulekile ekuthuthukisweni kwalo mkhakha. Eminye imikhiqizo ekulolu hlelo yimifino, izimvu, izingulube, nezinkukhu.

Le mikhiqizo emihlanu iyingxenye yohlelo lweminyaka ewu-10 okuhloswe ngalo ukwelekelela uMasipala uvule amathuba nemisebenzi emabhizinisini amancane asemkhakheni wezolimo aziwa ngama-AgriSMME ahweba ngale mikhiqizo, ukuze kuthuthukiswe umnotho walapha ekhaya.

IMeya yeTheku, uKhansela Mxolisi Kaunda, ithe lolu hlelo oluholwa wuMnyango wezoLimo kuMasipala luzosiza uMasipala uhlole futhi uthuthukise umkhakha walolu hlobo lwensangu ukuze luduyiswe ngokugcwele. Uthe lokhu kuzokwenziwa ngokuhambisana nomthetho wakuleli olawula insangu, iSouth African Cannabis Legislation.

"Uhlelo lwethu i-eThekwini Agri-Business Masterplan luhlonze insangu njengenye yemikhiqizo ebalulekile okumele yesekwe futhi ithuthukiswe ukuze kufukulwe umnotho walapha ekhaya kwakhiwe namathuba emisebenzi. I-Agri-Business Masterplan ihlose ukuheha utshalomali lukaR1 billion ngaphansi kwesikhathi esiyiminyaka eyishumi ukuze kuvuleke amathuba ezomnotho alinganiselwa kuR10 billion kwakheke imisebenzi emisha ewu-10 000," usho kanje.

Uthe inhloso yalolu hlelo wukusiza abalimi ukuthi bazejwayeze lesi sitshalo nezindlela zokusilima.

"Sizogxila ezinhlotsheni zembewu ekhiqizwe lapha nekhiqizwe kwamanye amazwe ezokwazi ukuthi yejwayezwe umhlaba walapha ekhaya bese ilinywa endaweni elawuliwe," usho kanje.


Uma lezi zimbewu zezithuthukisiwe zasimama, zizobhaliswa njengezinhlobo ezikhiqizwe lapha ekhaya bese kuqala inqubo yokuzikhiqizela ukuthengisa.

Kuzokwenziwa nezinye futhi izivivinyo zensangu esetshenziswa ngabelaphi bendabuko. Ukuthola eminye imininingwane, xhumana noVuyo Jayiya ku-Vuyo.Jayiya@durban.gov.za noma ku-031 311 4237 noma uNelisiwe Gumede ku-Nelisiwe.Gumede@durban.gov.za noma ku-031 322 9299.



**Kukhuthazwa osomabhizinisi abancane abangabalimi ukuba basebenzise ithuba lokungena emkhakheni wokulima insangu esetshenziselwa ezempilo.** Isithombe: SITHUNYELWE

ETHEKWINI MUNICIPALITY
CHA NGOKULAHLA
UDOTI NGOKUNGEMTHETHO
REDUCE • REUSE • RECYCLE



# Ithala lihamba phambili ekunikezeni izinto zamabhenki kubantu base-Afrika

Umqondo webhange labantu uzwakala njengo mqondo omuhle, ezweni elinomlando lapho iningi lezakhamizi zalo lapho bezikhishelwe ngaphandle emnothweni ojwayelekile futhi lisaqhubeka nokungakwazi ukuthola amathuba ezomnotho nokuthatha izinsiza,ukufezeka kwalomqondo kubalulekile kakhulu, ukwakha umnotho ofaka wonke umuntu lapho zonke izakhamizi zibamba iqhaza ngokukhuthala, noma ngabe kusendaweni yasemakhaya noma yasedolobheni , kudingeka ukushintshwa kwemiqondo ekuhlinzekeni ngezinsiza zamabhange njengento ekhuthaza ukuzuza umnotho obandakanya wonke umuntu.

Sekuphele iminyaka engaphezu kwamashumi amabili Ithala SOC Limited lidlala lendima futhi limile ezivivinyweni kuzo zonke izinselelo ebhekane nazo, okumele ihambisane nazo. Umthetho wamabhange, umthetho wokuphathwa kwezimali zomphakathi (PFMA) kanye nesaziso Esinomkhawulo sokukhulula ilayisensi yamabhange.

Abahlomule kakhulu empumelelweni nokukwazi kweThala ukuqhubeka nokuzulazula kulezi zindawo ezinenselelo ngamakhasimende alo, abantu bakwaZulu Natali, iningi labo eliphuma ezindaweni ezisemakhaya nasemalokishini. ngokuqhubeka nokuseseka nokukholelwa kumkhiqizo wakho. Ithala sithi NGIYABONGA, SIYABONGA Lenkolelo nesidingo esikhonjiswa abantu esibasebenzelayo kuqinisekisa ukubalulek a kokuqhubeka nokuba khona kweThala. Kuphinde kusinikeze amandla okusebenzela abantu bakithi kanye nokuba ngumgqugquzeli



Dkt Thulani Vilakazi, i-CEO Ithala SOC Limited

woshintsho esifuna ukulibona ezweni lethu, sisize ukudala ingcebo kanye nokuguqula izimpilo zabantu.

Kule minyaka engamashumi amabili edlule, sidlale indima yethu ngenkuthalo, futhi siseyisikhungo sezezimali kuphela esisebenza ngendlela esenza ngayo.sibeka izidingo nezimo zabantu abakhishwe inyumbazana enkabeni yokuthi sihlinzeka kanjani ngezinsizakalo zezezimali.

Kusho ukuthini lokhu ngamagama alula kubantu bakwaZulu Natali naseNingizimu Afrika?

Ithala belihlinzeka ngokufinyelela kwezinsiza zezimali kanye nomshwalensi kubantu abancishwe amathuba abasalokhu bengakwazi ukufinyelela kalula lezi zinsiza kubadlali bendabuko emakethe , Ithala SOC Limited lihlinzeka ngezimali ezilinganiselwa ku-R2.2 billion kubantu basemakhaya nasemalokishini ukuze ukuthenga ikhaya, imoto, itekisi, imfundo nezinye izidingo ezibalulekil.

Amanye amakhaya esiwaxhasa ngezimali asemhlabeni wezizwe lapho ingekho enye inhlangano yezinsizakalo zezezimali ekwenzayo.

Ukusiza abantu ukuthi bonge futhi bakhe ingcebo, lokhu sikwenza ngohlelo lwethulo kufundisa ngezezimali Ithala izingxoxo zemali (isixhumanisi sesikhangiso sokwakha ingcebo ku-www.myithala.co.za) njengamanje sinediphosithi yamakhasimende engaphezu kuka R2.5 billion isibonakaliso esicacile sokuthi umzamo wethu wokufundisa abantu ngokonga nokudala ingcebo, uyakhokha sekukonke, sibona izinguquko ezinhle zokuziphatha uma kuziwa ekuphatheni imali.

Sinamagatsha angama- 38 Ekzn, kanti kwezinye izindawo ithina sodwa isikhungo sezimali. Ukubakhona kweThala kule zizindawo akusizi nje kuphela imiphakathi ukuthi ikwazi ukuthola usizo lwezezimali kodwa kusiza nasekudaleni amathuba omsebenzi nokufukula umnotho wasemakhaya.

Ukusabela kubhubhane lwe covid- 19 ngokwethula inkundla yezemfundo ye-inthanethi IthalaEduPlatform ukusiza abafundi bebanga leshumi nambili ngesikhathi sokuvalwa kwezikoleukuze balungiselele izivivinyo zabo.inkundla yezemfundo Ithala isikhulengale kwenkathi ye- covid futhi isaqhubeka nokuzuzisa intsha kulolonke elaseNingizimu Afrika. www.myithalaeducation.co.za

Ilayisense yebhange yamanje yeThala amanothi e-Exemption okuyindlela yesikhashana evumela iThala SOC Limited ukuthi iqhube imisebenzi yebhange ngaphandle kwelayisensi yasebhange yaphakade, ikhawulela ikhono lethu lokukhulisa imisebenzi yethufuthi sinikeze izinsizakalo ezengeziwe.ukuze Ithala

SOC Limited iifinyelele amandla ayo Aphelele. kufanele ithole ilayisensi yasebhange yaphakadelona futhi umbono osekelwa iPrudential Authority(PA) ezoletha Ithala lihambisane namanye amabhange alawulwayo asebenza ngamalayisensi agcwele amabhange. Ngenxa yalokhu sithumele isicelosethu sokugunyazwa ukufaka isicelose layisensi yasebhange,futhi silindele ukucutshungulwa kuka Prudential ngesicelo sethu.

Sizibophezele ekuthobeleni zonke izimfuneko zokulawula nezomthetho ezisebenza enhlanganweni yethu nasekusebenzeni kwethu. Ukuze sigcwalise lesisibopho ngokugcwele, senza ukutshalwa kwezimali okubalulekile ukuze sithuthukise amakhono ethu ngokuthobela ngohlelo nokubuka kwabasebenzi.

Siphinde sibe nokuxhumana okujwayelekileukuze siqinisekise ukuthobelana ngokugcwele nazo zonke izidingo.

Abasebenzi bethu bayithemba lethu elikhulu ukufeza amathemba nezifiso zabantu esibasebenzelayo,

sinebhodi labaqondisi elithobelayo, nethimba eliphethe elinamakhono adingekayo ebhange anolwazi oluhlangene lweminyaka engaphezu kuka- 150.

Lokhu okungenhla kuqhamisa indima esikholelwa ukuthi ibhange kufanelelibe umgququgzeli wokwakhaingcebo, kanye nokuguqula izimpilo zabantu. Lena indima Ithala eseliyidlalile eminyakeni engamashumi amabili , futhi indima esizoqhubeka nayo ukuguqula izimpilo zabantu. Ibhalwe nguDkt Thulani Vilakazi, i-CEO Ithala SOC Limited

# Izikole zokushayela ezibumba imigwaqo ephephile

## *Udaba lukaSlindile Mbotho Owumphathi we Sli Driving School*

**Nokubonga Mzulwini**

Emkhakheni wemfundo yabashayeli, iSli Driving School iphuma njengensika yenguquko, ukufaka isandla embonweni wemigwaqo ephephile eNingizimu Afrika.Ngaphansi kokuqondisa ukuzinikela kwe-Slie dS noma i-Sli Driving School ime njengesibani soshintsho embonini yemfundo yokushayela. U-Sli, onesipiliyoni seminyaka engu-40, uqhutshwa ukuzibophezela okujulile ekubumbeni abashayeli abanomthwalo wemfanelo nabanekhono. Uyingane kaRobert Ndadane kanye noNester Ndadane, uSli uthola ugqozi ezimfundisweni zaseMvolozi kanye naseBomvini okuyilapho afunda khona.

Uhambo lokuya ekuqeqesheni abashayeli luqale endaweni yaka-BB 1365, lapho izinselelo nezingqinamba zanqotshwa uzwelo nokuzimisela. Uthando lwangempela luka-Sli lokufundisa lubeka phambili ikhwalithi ngaphezu kwesivinini ekutholeni amalayisense okushayela. Le ndlela ephelele ayigcini nje ngokulungiselela abashayeli ngokoqobo kodwa nangokwengqondo, ikhuthaza imikhuba ephephile necabangelayo emigwaqweni.I-Sli Driving School ayisona nje isikhungo kodwa iyisisusa soshintsho.

Ngokususa ukugxila ekunikezeni amalayisense ngokushesha kuya ekuqeqesheni okuphelele kwabashayeli, i-Sli Driving School iphakamisa ukuthi izimbangi zihlole kabusha izinto eziza kuqala kubo okuwukuphepha kwabantu. Ukugcizelelwa kwemfundo yekhwalithi kuhambisana nesimo esithuthukayo samabhizinisi anenethiwekhi.Umbono udlulela ngale kwemingcele, uhlose ukuhlomisa abashayeli ngamakhono okuzivikela adlula imingcele yendawo.

Umgomo ugxile ekunikezeni ukuqeqeshwa okuhle kakhulu kokushayela, ukulungiselela abafundi nabashayeli ngokoqobo



nangokwengqondo. I-Sli Driving School izibophezele ekukhonzeni, ekuthuthukiseni, ekunikezeni amandla, nasekukhuthazeni ukuphepha emgwaqeni. Ekuphetheni, i-Slie dS noma i-Sli Driving School iyisibonelo sokuzibophezela ekwenzeni kahle emfundweni yabashayeli. Uhambo, oluphawulwa izinselelo zomuntu siqu kanye nemibono yomphakathi, ulolonge isikole sokushayela esingagcini nje ngokunikeza amakhono kodwa futhi esigxilisa umuzwa wokuzibophezela nokucabangela emigwaqweni.Ngaphansi kobuholi bukaMiss Slindile Precious Mbotho, Sli Driving School, isungulwe ngo-2013, ikhule kancane yaba isikhungo esibhalisiwe nesihloniphekile.

Ukuphumelela kwabo kubonakala ekuqeqesheni abashayeli abangaba ngaphezu kuka-40,000, ubufakazi bokuzibophezela kwabo ekwenzeni kahle emfundweni yabashayeli.Okubalulekile ezimpumelelweni zabo ithimba labafundisi abanamakhono aletha kokubili ulwazi nolwazi ohlelweni lokuqeqesha. Inhloso eyinhloko ukusebenzisana eduze namakhasimende, ukunikeza amakhono okushayela asezingeni lomhlaba adlulela ngalé kwamakhono ayisisekelo. Ukunamathela esiqubulweni esithi \"amakhono angcono okushayela, izingozi zomgwaqo ezincane,\" bafaka isandla ngenkuthalo emigwaqweni ephephile.Isici esihlukanisayo se-Sli Driving School ukugcizelela ukuqeqeshwa okungokoqobo. Izizathu zokuzijwayeza ezinikezelwe, eziqondiswa abafundisi abanolwazi, ziqinisekisa ukuthi abafundi abagcini nje ngokufunda ithiyori kodwa futhi bathola ulwazi olusebenzayo.

Le ndlela ebanzi ibeka isisekelo semikhuba yokushayela ephephile kanye nokuqwashisa okukhulu komgwaqo.Ukuzinikela kwenkampani emsebenzini wayo kubonakala ekutholakaleni kwezinto zokuqeqesha zabafundi, ukwenza lula inqubo yokufunda ehlelekile enikeza abafundi amandla okubamba ama-nuances okushayela ngokuzethemba.

I-Sli Driving School, eholwa nguMiss Slindile Precious Mbotho, isifana nokuqeqeshwa kwabashayeli abasezingeni eliphezulu. Ngomlando wabashayeli abaqeqeshiwe abangaphezu kuka-40,000, bayaqhubeka nokusekela ukuzibophezela kwabo emakhonweni angcono okushayela kanye nezingozi zomgwaqo ezimbalwa.

# AmaSATMA akhulisa umlando amasiko namagugu

Abagqugquzeli bama-SATMA sebemi ngomumo ukusilethela umcimbi osezingeni eliphezulu. Phelelani nonke mphakathi wesifundazwe sakwaZulu-Natali nizozizwela nizibonele abaculi bomculo womdabu, abadume iNingizimu Afrika yonke beshiyelana inkundla ye-DCC Dome mhla ziyi- 15 Disemba 2023 eThekwini.

Abangenele lomqhudelwane bathi bawulindele ngabomvu kanti futhi sebekulindele ukuyoqoqa izindondo ezibafanele, Ukukhuthaza nokubuyisela isithunzi samagugu namasiko esizwe kubalulekile ukuhambela izimbizo zaloluhlobo, ngoba ukulahleka kwamasiko kwehlisa nezinga lenhlonipho kwandise ubugebengu. Ucwaningo olunzulu luyaveza ukuthi kubalulekile ukucobelelana ngolwazi ukuze sigcine imilando, amasiko namagugu kungashabalali. Sithathe lelithuba sabuza abafundi bephephandaba ngale athikhili, bakubeke ngembaba ukuthi imvelaphi yomuntu iwumgogodla wempilo yakhe., bathi kubalulekile ukuzazi ukuthi uphumaphi ukuze wazi lapho uphokophelele khona.

Umcimbi wama SATMA njengoba ubuyela kwaZulu-Natali kulindeleke ukuba uhanjelwe abalandeli bomculo womdabu abaningi beqhamuka ezifundazweni ezahlukene kuleli. Kanti futhi kunxuswa labo abasanesifiso sokuvota Ukuba baphuthume kusavulelekile Imbila yaswela umsila ngokuyalezela.

Niyaqhuqhuzelwa ukuba nithenge amathikithi alomcimbi ukuze nizibeke ethubeni lokuhlomula emincintiswaneni ekhona enemiklomelo emihle, uma udinga imininingwane egcwele ngalemiklomelo nolwazi olunzulu ngokungenele, bheka isikhangiso esingezansi kwale- athikhili oyifundayo.

## BEST TRADITIONAL MUSIC COMMUNITY RADIO PRESENTER”

| NOMINEE NAME | STATION NAME | SATMA CODE |
|---|---|---|
| DJ MA-OSH | TAMBO FM | 49 SATMA18 |
| DJ Gabi Gabi | G-LIVE FM | 50 SATMA18 |
| DJ MASINDI | 7441 fm | 51 SATMA18 |
| Patricia Leputu | Radio turf 103.8fm | 52 SATMA18 |
| Gwajo Zungu | Zululand fm | 3 SATMA18 |
| Sutata | Lekoa Fm | 54 SATMA18 |
| Mr Mshosho Sibiya | iNanda FM | 55 SATMA18 |
| Silulami Dumza | Nkqubeko Fm | 56 SATMA18 |
| Sithembiso Mthethwa | Alex Fm | 57 SATMA18 |
| Phumzile Mlangeni | Kasie fm | 59 SATMA18 |
| Ngilozi Mdolomba | Nongoma fm | 60 SATMA18 |
| Sgwil’esbhazayo Sibiya | Maputaland fm | 61 SATMA18 |

**DECLARATION OF VOTE & THANKS DONE BY ISIQU ACCOUNTANTS**

**To vote for your favourite SMS Nominee (CodeSATMA18 ) to 49495, SMS costs R1.50 (Free SMS’s do not apply). Brought to you by SATMA Mobile**



# I Hollywood Foundation iphakamisa ukunakekelwa kwezempilo yezingane esibhedlela iPrince Mshiyeni Memorial

**Nokubonga Mzulwini**




Durban, 14 November 2023 – Ngendlela ejabulisayo, iHollywood Foundation yethule iphrojethi yayo yakamuva, i-dream Room esibhedlela iPrince Mshiyeni Memorial KwaZulu-Natal. Lesi sikhala esisha, esakhiwe ngokuthinta okuhlukile kweHollywood Foundation, ithembisa umthelela ojulile nohlala njalo ezimpilweni zeziguli ezisencane nemindeni yazo.

Uhlelo lwe-Dream Room alulona nje uguquko lomzimba; kuwubufakazi bokuzibophezela kweHollywood Foundation ekuphakamiseni ukunakekelwa kwezempilo yezingane.

Igumbi linethonya elihlukile le-Hollywood Foundation, elenzelwe ukuhlangabezana nezidingo ezithile zesibhedlela kuyilapho libonisa amanani ayisisekelo. Leli bhizinisi lisho ukuzibophezela kwesikhathi eside, ngenkontileka yeminyaka emithathu kanye nesabelo sesondlo seminyaka emibili ukuze kuqinisekiswe amazinga aphezulu aqhubekayo.

Imisebenzi ye-Dream Room iphathiswe abasebenzi be-Reach For a Dream, amavolontiya, nezinhlangano zozakwethu. Izivumelwano zokusebenzisana nesibhedlela ziqinisa lokhu kubambisana, ukuqinisekisa ukuphathwa okungenazihibe kanye nokwenziwa kwenjongo ye-Dream Room. Lolu hlelo lwengeza esibalweni esimangalisayo se-Hollywood Foundation sama-Dream Rooms angu-52 ezibhedlela zikahulumeni ezweni lonke. I-Foundation ime ngokuqinile ngemuva kwenhloso yokuvelela ye-Reach For A Dream yokusungula ama-Dream Rooms angu-70 ngo-2026, ikhombisa ukuzibophezela kuloluhlelo olusabalele.

I-Hollywood Foundation inweba umthelela wayo KwaZulu-Natal, ngezinhlelo zokutshalwa kwezimali okulandelayo eMpumalanga. Uxhaso luhlanganisa ukuguqulwa okuphelele kwendawo yokuqala, okuhlanganisa ukuvuselelwa kwangaphandle kanye nokuhlinzekwa komthunzi obalulekile wendawo yokudlala.

Lokhu kuzibophezela kwesifunda kugqamisa ukuzinikela kweSisekelo ekwenzeni umehluko obonakalayo emiphakathini eyahlukene. U-Kerry Donkin, oFinyelela kumphathi wesifunda wephupho, uzwakalisa ukubonga ku-Hollywood Foundation.

Ugcizelela injabulo yokubambisana nabaxhasi abanombono wokuphilisa amaphupho ezigulini ezisencane. Lokhu kubambisana kudlulela ngalé kokusekelwa ngokwezimali; ukusebenzisana okukhuthaza ithemba nokuqina lapho kubhekene nezifo ezisongela ukuphila.Vuyisile Ngobese, Isikhulu Sezobudlelwano Bomphakathi saseHollywood Foundation, usikhanyisela ngenkolelo yeSisekelo somthelela ohlala njalo wokunakekela izingane eziswele.

I-Dream Room e-Prince Mshiyeni Memorial Hospital ayilona nje igumbi; iyindawo engcwele yethemba nenjabulo ezigulini ezisencane.

Lolu hlelo luyisibonelo sokuzinikela kweSisekelo ekuguquleni ulwazi lokunakekelwa kwezempilo yezingane. Isinyathelo seHollywood Foundation esibhedlela i-Prince Mshiyeni Memorial simi njengesibani sethemba nozwelo.

Leli Gumbi Lamaphupho aligcini nje ngokuguqula izindawo zokunakekelwa kwezempilo kodwa futhi lijova imfudumalo nokuhle ohambweni oluyinselele lweziguli ezisencane.

Kuphawula igxathu elibalulekile elibheke kwinjongo yeSisekelo yokuletha ithemba emiphakathini, Igumbi Lamaphupho elilodwa ngesikhathi.



# Umlazi Township Tourism Usilethela Umlazi Market Day

**Thobile Blose**

Umasikhuluma ngoMlazi sikhuluma ngelokishi elikhulu eNingizimu Afrika yonke jikelele, ilokishi elinezigceme eziqala ku-A kuya ku-Z umasikhipha u- I, O, X sifake u- AA, BB, CC lelilokishi elikhulukazi kuningi elikuqukethe umasikhuluma ngomlando, umnotho namagugu.Ngomqibelo wokuqala wenyanga siba no- Umlazi Market Day lapho sinxenxa wonke amabhizinisi akhona elokishini laseMlazi nangaphandle kwalo ukba bazobamba iqhaza lokuhwebelana nokukhulisa umnotho wasemalokishini, lokhu kushiwo usihlalo woMlazi Township Tourism uMnuz Sandile Dlamini.

Uqhube wathi okuyinhloso enkulu eyenza uMlazi Townhip Tourism uqale le-Umlazi Market Day ukubona ukuntuleka kwemisebenzi emphakathini wethu nesifiso sokuba imikhiqizo esinayo eMlazi yaziwe umhlaba wonke jikelele, uphinde wagcizelela ukubaluleka kokuhwebelana nokuzakhela umnotho emalokishini ethu ukuze sixoshe ikati eziko.

Umlazi Market Day uzobanjelwa Kwamnyandu Mall ngasekungeneni kwa-Shoprite mhla zili- 25 November 2023, unxusa abantu ukuba baqonde nqho Kwamnyandu Shopping Mall. Uma udinga ulwazi olunzulu nge- Umlazi Market Day ungaxhumana nehhovisi le-UTT kulenombolo 072 125 1242 okanye uthumele imeyili admin@umlazicto.co.za

Izimpahla eziningi ezithengiswayo – Izingubo, izicathulo, izincwadi, ukudla, okokuziphophotha, okokuzilolonga, ukudayiswa komasingcwabisane, ukudayiswa kwemizi, nokunye okuningi, nalabo abafisa ukujoyina Umlazi Township Tourism bangafika bezothola incazelo enzulu. Ungaphuthelwa, Imbila Yeswela Umsila Ngokuyalezela.



# BT News Classifieds 078 661 3320 • www.btnews.co.za

## Beauty therapist

Name: Karen Lawson
Telephone: 076 080 4205
Comment or Message:

Hi there, I have a Pilates studio in Kwadukuza (Stanger). I am looking for a qualified beauty therapist to take up residents/ employment in my therapy room.

## Beauty Salon


Yadah Beauty Salon in Ulundi is looking for Nail Technicians, any nail course ex student..Her number to contact is 082 868 0014

She also doesn't mind if you are only available for December and she can provide accomodation

## FILL IT FAST

**Advertise your vacancy here!**
**Contact Classifieds**
**078 661 3320**







## MOSTERT PEST CONTROL

**For safe and effective pest control, fumigation, disinfecting, sanitizing & fogging services**

*Fleas*
*Weed Control*
*Fish Moths*
*Wood Borers*
*Bees & Spiders*
*Termites*

*Rodents*
*Ants*
*Bed Bugs*
*Cockroaches*

**We service:**

- Offices & Malls
- Residential
- Clinics & Medical centres
- Warehouse
- School & Universities
- Restaurants
- Public Transport

QUALITY GUARANTEE

**FREE QUOTATION**
**Contact Monica on**
**072 284 1191**
**or email**
dbn@mostertpestcontrol.co.za
www.mostertpestcontrol.co.za






# I-Globe at Suncoast Casino Ilungele Ukuthungela Ngombukiso Omangalisayo We-Starline Boxing Promotions

**Nokubonga Mzulwini**

Embukisweni omangalisayo wangaphambi kwempi, inkundla ibivutha bhe njengoba kulindelwe omunye wemicimbi yesibhakela ejabulisa kakhulu ezojabulisa iGlobe eSuncoast Casino eThekwini.

Uhlelelwe kusasa ntambama kusukela ngo-4 ntambama, lo mcimbi ongajwayelekile uhlelwe ngokucophelela yiStarline Boxing Promotions, eholwa umboni uNksz Zandile Malinga, ngokubambisana nokwesekwa okungantengantengi koMnyango Wezemidlalo, Ubuciko, Namasiko we-KZN.

Ikhadi lokulwa linohlu olumangalisayo lwezimpi eziyisishiyagalombili, ukuthembisa umbukwane ogqugquzelwa yi-adrenaline kubathandi besibhakela nabalandeli abavamile ngokufanayo okuhamba phambili kulo mdlalo wumdlalo obulindelwe ngabomvu wesicoco se-SA Junior Welter Weight, okukhona kuwo umpetha osemnkantshubomvu uPrince Dlomo evikela isihlalo sakhe sobukhosi kuNtethelelo Nkosi obesabeka.

Lokhu kuphawula ukuvikela kukaDlomo kwesihlanu ibhande elihahelwayo, ukubeka inkundla yempi ezoqoshwa emlandweni wesibhakela waseNingizimu Afrika.

Ukwengeza enjabulweni wumdlalo oshubile esigabeni sabesifazane se-SA Junior Bantamweight.

Umpetha ophethe, uThema Zuma, uzobhekana nombangi ozimisele, uBabalwa Ngqongotha, emqhudelwaneni othembisa ukuthi uzogqama kusihlwa. Imizamo kaZuma yokugcina isicoco sakhe ngokungangabazeki izobhekana nokuphikiswa okuqinile njengoba uNgqungotha efuna ukufaka igama lakhe emibhalweni yobuqhawe.

UZandile Malinga, uphromotha ohamba phambili oneso lokudlala kahle isibhakela, akashiyanga tshe elingaphendulwanga ekunqumeni ikhadi lokulwa elihlanganisa umoya wobuqhawe be-pugilistic.

Ngokusekelwa okuqinile koMnyango Wezemidlalo, Ubuciko, Namasiko we-KZN, lo mcimbi awuwona nje umbukwane wesibhakela; kuwumkhosi wokusubatha, ikhono, nomoya wokuncintisana ongenakunqotshwa.

Kulabo abangakwazi ukubona lesi senzo bahlala eGlobe, lezi zimpi zizosakazwa ngesikhathi sangempela ku-http://Talkingfight.com, kuqinisekisa ukuthi abalandeli abavela emhlabeni wonke bangahlanganyela enjabulweni nakwidrama eyenzeka enhliziyweni yeTheku.

Njengoba ilanga lishona eThekwini, I-globe at Suncoast Casino isikulungele ukuba yisizinda sobuhlakani besibhakela, lapho kuzothweswa khona umqhele futhi kuzokwenziwa amafa. Ziqinise ngobusuku bokuzijabulisa okungenakuqhathaniswa, njengoba I-Starline Boxing Promotions iletha umuzwa wokungqongqoza oweqa imingcele yezemidlalo

